



SOUTHERN AFRICAN RURALITY IN HIGHER EDUCATION

UKUYA ENYUVESI

IZINDABA ZABAFUNDI ABAPHUMA
EZINDAWENI ZASEMAKHAYA







AMANYUVESI ABAMBE IQHAZA



RHODES UNIVERSITY
Where leaders learn



University of Fort Hare
Together in Excellence



**University of
BRISTOL**



University of Brighton

ABAXHASA NGEZIMALI



UHLA LOKUQUKETHWE

	Isandulelo_____	3
1.	Isingeniso_____	5
2.	Impilo yasemakhaya_____	7
	2.1 Izinto ohlangabezana nazo_____	7
	2.2 Ukucabanga ngekusasa_____	8
	2.3 Ukufaka isicelo sokuya enyuvesi_____	12
3.	Uhambo oluya enyuvesi_____	15
	3.1 Ukusuka ekhaya_____	15
	3.2 Isikhathi sokubhalisa_____	17
	3.3 Ukuzinza _____	18
4.	Ukuguqukela empilweni yasenyuvesi_____	21
	4.1 Ukuya emakilasini_____	25
	4.2 Ukuzejwayeza umhlaba wedijithali_____	26
	4.3 Ukuba ozimele_____	27
5.	Ukumbatha ijazi nokuqhubekela phambili_____	28
6.	Iseluleko sokugcina_____	31
7.	Unwele olude_____	32



ISANDULEO

Izindaba ezikule ncwajana zizoxwe yiqembu labafundi bonyaka wesibili abasafunda iziqu zokuqala abaphuma eNyuvesi yaseFort Hare, eNyuvesi yaseGoli naseNyuvesi yaseRhodes. Laba bafundi, kanye nabanye abaningi, bonke baphuma ezindaweni zasemakhay futhi bafunda izifundo ezisabalele, babamba iqhaza kuprojekthi ye-Southern African Rurality in Higher Education (SARiHE) ngonyaka wezi-2017 nowezi-2018. Inhloso yale phrojekthi bekungukuphenya ukuthi abafundi abaphuma ezindaweni zasemakhaya bakuthola kunjani ukungena kanye nokufunda emfundweni ephakeme, ukwenza bakwazi ukubenza bathakasele ulwazi namakhono kanye abawathuthukisile emindenini nasemiphakathini yabo kanjalo nokukhuthaza nokwenza ngcono ukusekeleka abakunikezwangamanyuvesi. Abafundi ngokwabo abasungule le ncwajana, beyibona njengendlela yokubuyisela okuthile emiphakathini yabo. Amaqejana, ngokusizwa nguSolwazi Gina Wisker ophuma eNyuvesi yaseBrighton eNgilandi, asebenze ndawonye ngezimpelasonto ezimbalwa ukukhipha le ncwajana. Izindaba zabo ziqondene nabo ngqo, zichaza ulwazi oluvamile kanye nolwehlukile.





1. ISINGENISO



I-Southern African Rurality in Higher Education (SARiHE) yiphrojekthi esebenza nabalingani babacwangingi babafundi emanyuvesi amathathu aseNingizimu Afrika, okuyiNyuvesi YaseGoli, iNyuvesi YaseRhodes kanye neNyuvesi YaseFort Hare. Njengabafundi siqopha ulwazi lwethu lwangaphambi kokufunda lwasezindaweni zasemakhaya kanye nolwazi lwethu lwasenyuvesi.

Inhloso yencwajan wukufundisa imindeni, abangani, izikole, kanye nemiphakathi mayelana nenguquko yomuntu osuka empilweni yasemakhaya eya emadolobheni, izinselelo nokuthi umuntu angabhekana nazo kanjani aphinde azinqobe. Iphinde ithinte izinto esinazo ezifanayo nakuba siphuma ezindaweni ezahlukene kanye/noma imuva lasemakhaya.

Ngesikhathi sangemuva kobandlululo, ukuvuleleka kwemfundo ephakeme sekukhule ngendlela emangazayo. Nokho-ke, ngenxa yokusweleka kolwazi, uxhaso lwezimali, kanye nokusekelwa, iningi labantu abaphuma ezindaweni zasemakhaya alilitholi ithuba lokuya enyuvesi, kanti labo abalitholayo ithuba, imvamisa bayashiya bengazitholanga iziqu. Lezi zinto akumele zibe wumgoqo kuwo wonke umuntu ozama ukufinyelela kwakufisayo. Lesi siqondiso singesabantu abazingabazayo, sinenhloso yokubahlinzeka ngezixazuluo esihlanganiswe ngabalingani babacwangingi abaphuma emakhaya. Le ncwajana izodingida impilo yasemakhaya, namgugu ayo, uhambo oluya enyuvesi noma emfundweni ephakeme, indlela yokweqela enyuvesi, futhi okubaluleke kakhulu, ukuthi ungedlula kanjani ezinkingeni ongase ubhekane nazo bese ugxila enhlosweni, ukuze uphumelele ekutholeni iziqu zakho.





2. IMPILO YASEMAKHAYA



Impulo ezindaweni zasemakhaya imnandi njenganoma iyiphi enye impilo kwenye indawo. Kodwa-ke, ngisho abantu basemakhaya bayacabanga mayelana nempilo engaphandle kwempilo esendaweni yabo; siyacabanga ngokuya emanyuvesi ngemva kukamatikuletsheni asemabangeni amade ezindaweni zasemadolobheni. Impilo ezindaweni zasemakhaya iphinde yehluka ngokwentuthuko.

2.1 IZINTO OHLANGABEZANA NAZO

Izindawo zasemakhaya zimayelana nokubumbana, futhi okubalulekile nakakhulu, ukukhombisana Ubuntu omunye komunye. Isimo sasemakhaya siyizimpande zokufunda imisebenzi, ukuziphatha, ukuzenzela, nenhlonipho. Abantu bakulezi zindawo balawulwa yisiko, isintu, kanye nokunakekelana.

Ezindaweni zasemakhaya, ezinye zithuthukile kanti ezinye azithuthukile kahle. Eminye imizi yasemakhaya isebenzisa amanzi edamu, omfula noma esiphethu, ithembele ezindlini zangasese zemigodi nezingafakwe ziphefumulisi ezifanele, kanti abanye abanazo nhlobo izindlu zangasese. Kodwa-ke, ezinye izindawo zasemakhaya zinezinkonzo zamanzi nokuthuthwa kwendle koqobo okunihlinzekwa wumasipala. Ingxenye eyinselelo wukuthi sihamba amabanga made ukufinyelela ezikoleni, njengoba zimbaleka ezitholalalayo. Abanye bahlala ezindlini zomxhaso, emikhukhwini, kumaqhugwane odaka, noma ezindlini ezakhiwe kahle ngezitina nosimende, kodwa akunendaba ukuthi uhlala endlini enjani, siyenza ibe yikhaya futhi sijabule njengomndeni.

*"Singabafana sasiye sihamba
siyobhukuda laphaya. Njengoba
idamu laliyingozi kakhulu, sasikhuzwa
ngabzali bethu ukuthi singabhukudi,
kodwa lwalungadluli nolulodwa usuku
singayanga ukuyobhukuda. Njalo
uma sibuyela emuva, sasifike sebulwe
kanzima ngenduku."*

*– Umfundi ongumlingani
womcwaningi ¹*



¹Konke okucashunwe kule ncwajana kubhalwe ngabafundi abangabalingani ngokocwangingo.


2.2 UKUCABANGA NGEKUSASA

Nabantu basemakhaya banentshisekelo enkulu. Sifuna ukufunda enyuvesi ukuze senze ngcono imiphakathi yethu, kanye nokugqabula amaketango obubha emiphakathini yethu. Kukhona abantu emiphakathini yethu, noma amalunga omndeni noma izihlob, abagqamile emiphakathini esiphila kuwo. Laba bantu bafundile, banezindlu ezinkulu, banezimoto, futhi abanye bangothisha bethu, ukusuka emabangeni aphansi kuya kwaphezulu. Sifuna ukufana nabo. Siyakhumbula sonke ukuthi wasifikela kanjani umcabango wokuya enyuvesi:

"Intshisekelo yami yaqala emabangeni aphansi. Nokho, kwakungewona umcabango omuhle kangako; uthisha wami wayesishaya uma sehluleka ukuthola impendulo efanele yombuzo wezibalo, ngakho ngangifisa ukuba njengaye ukuze ngizobuya ngijezise izingane zakhe. Hahaha! Kwakumayelana nokuziphindisela ngaleso sikhathi, kodwa kwathi uma ngifika emabangeni aphezulu, ngethulelwa eminye imisebenzi emihle, njengobunesi, isayansi, kanye nezokuphathwa kwezimali. Udadewethu waba wunesi, ngakho ngakhula nothando lokuqhube nokufunda."

"Iqiniso wukuthi ngangingaqinisekile ngengifuna ukukwanza, kodwa ngangithanda noma yini emayelana nokubala."

"Ezingeni lomuntu siqu, nginegugu lomndeni futhi ngizwa sengathi kuningi engiwukweleda kona, futhi ngokuya esikoleni kungokuncane engingakwenza ukuwukhokhela ngokungivumela ukuthi ngikhule ngibe yilo muntu enginguye manje. Ngingazenza zonke lezi zinto ngoKhrestu; ngikholwa wukuthi zonke izinto zidalwe nguNkulunkulu."



"IMFUNDO ENYUVESI
YILONA KUPHELA ITHULUZI
ONGALISEBENZISA
UKUGUQULA ISIMO EMUVA
EKHAYA."

"INYUVESI YILAPHO
SINGABUYISA KHONA
NGEMPELA ITHEMBA
LABAZALI BETHU
ESELIKHOHLAKELE."

NGAPHAMBI KOKUZA ENYUVESI

"Eh...ubuchwepheshe besimanje (umsakazo) badlala indima ebalukile ngoba izikhulumi eziphuma ezikhungweni ezahluken zazikhuluma ngokufaka izicelo emanyuvesi, hhayi eyodwa kodwa amnyuvesi amaningi, ukuze babe sesimeni esihle sokunquma ukuthi iyiphi inyuvesi engiyikhethayo, uma wonke engamukela. Izikhangiso ziphinde zahlinzeka ngolwazi olwengeziwe mayelan namathuba emifundaze ayetholakala. Manje njengoba sengisenyuvesi, ubuchwepheshe obufana nomsakazo busalibamba iqhaza, ngoba izinto ezifan nemifundaze futhi nangesikhathi kukhushulwa imali yokufunda kujwayele ukuthi kumenyezelwe khona."

WAQALA NINI UKUZWA NGENYUVESI?

"Ngaqala ukuzwa mayelana nenyuvesi ngesikhathi ngenza ibanga le-10 ngonyaka wezi-2012 eFlagstaff Comprehensive School, lapho engangenza khona amabanga aphezulu. Ngaphezu kwalokho, ngaso sonke lesi sikhathi ngifunda, kwakuyinto ehlekisayokimi; okumangazayongangazingisho nokuthi ngifuna ukuba yini ngenxa yokuthi eqinisweni ngakhule emakhaya angempela. Okunye, ngesikhathi ngenza ibanga le-10 ngake ngaya embukisweni wezemisebenzi nokuyilapho engathola ulwazi olwengeziwe, ngakho kwakunabantu abahlukene abaphuma ezikhungweni ezahluken eNingizimu Afrika. Labo bantu bangitshela ngenyuvesi. Ngakho ngathola ulwazi olubanzi olubizwa ngokuthi "INYUVESI."

2.3 UKUFAKA ISICELO SOKUYA ENYUVESI

Ukufaka isicelo sokuya enyuvesi ngokuvamile yinto ephazamisanayo emoyeni uma ungazi lutho ngobuchwepheshe. Yebo, ezikoleni lapho ovele usebenzise khona amafomu neposi kungconywa. Kodwa ngobuchwepheshe, kuludlan ukufaka isicelo nge-inthanethi, okuyinselelo kumfundi kamatikuletsheni. Ukukhipha kusizindalwazi ifomu lokufaka isicelo kuyinkinga nakho, ngba asazi ukuthi sizolitholaphi – asikwazi kahle ukulandela imiyalelo yaku-inthanethi futhi ulimi olusetshenziswayo lulukhuni kakhulu kithi. Ukungabi naso isitolo esihlinzeka nge-inthanethi ukuze ukwazi ukuthola i-inthanethi nakho kuyinselelo njengoba kufanele sithenge amadatha ezingcinweni zethu ezikhaliphile, okuyinto ebizayo futhi abanye abafundi abanazo kwalezo ngcingo.

Nakuba abanye othisha bewusizo kakhulu ngokuhlinzeka ngamafomu okufaka izicelo nokusisiza ukukhetha imisebenzi ehambisana nathi, kuye ngokusebenza kwethu ezifundweni nasekutholeni amafomu okufaka izicelo aphuma ezikhungweni ezahlukene. Kwabanye bethu amaphephandaba, imisakazo, kanye nomabonakude ayiyona kuphela imithombo yolwazi futhi kumele sisebenzise imadlana esinayo ukufinyelela kulezo zikhungo ukuze sifake izicelo. Kodwa abanye banezihlobo nabangani asebevele befunda ezikhungweni zemfundo ephakeme ababazizayo ngohlelo lokufaka izicelo.







INDLELA YOKUKHETHA INYUVESI NGASE NGIFAKA ISICELO

"Nginomakhelwano owayefunda eNyuvesi YaseKap futhi wayenza izifundo ezifanayo nalezi engangifuna ukuzenza, ngakho ngabuza abantu mayelana neKapa base bengitshela ukuthi ingenye yezikole ezinhle. Ngahamba ngaya esitolo esihlinzeka nge-inthanethi ukuze ngikhiphe amfomu okufaka isicelo ngosizo lomngani. Ngosuku olulandelayo, umfundi esasifunda naye esikoleni wangitshela ngeNyuvesi YaseGoli futhi washo nokuthi kwakumahhala ukufak aisicelo uma ngabe usifaka kusizindalwazi – kunjalo, imali yokufaka isicelo yase-UCT kwakuyi-R100 kanti ngangingenayo, ngakho ngathatha ithuba ngafaka isicelo."

"INyuvesi yaseFort Hare yinhle ngokwedlulele futhi lbiza kancane ngokungakhokakali, ngakho ingeyabantu abafana nami abaphuma emajukujukwini, futhi yenzelwe abantu abamnyama abadla imbuya ngothi. Yinhle kakhulu kulezi ziqu engangifuna ukuzenza."



“NGESIKHATHI USUKA EKHAYA LAKHO
ELISEMAKHAYA UYA KWENYE INDAWO,
AWUHAMBI NJE NJENGOMUNTU OYA
ENDAWENI ESEDUZE. WONKE UMNDENI,
UMNDENI OSEDUZE KANYE NABANGANI
BAZOHLANGANA BEZOKUYALA UKUTHI
UNGAKHOHLWA INHLOSO YAKHO
YOKUFULATHELA IKHAYA.”



3. UHAMBO OLUYA ENYUVESI



Uhambo oluya enyuvesi lunguzwa omnandi, njengoba iningi lamalungu omndeni ekhaya lingalitholanga ithuba lokuya khona, futhi ngiphakathi kwabanye abanenhlanhla.

3.1 UKUSUKA EKHAYA

Njengesinyathelo sokuqala, imiphumela yebanga le-12 yomfundi ngamunye yiphuzulu lokuqala elenza wonke umuntu abone ukuthi kufanele alifulathele ikhaya. Kimi, lokhu bekungehlulekile; nokho-ke bekukhona imicabango eminingi mayelana nokuthi ngangizophumelela yini noma cha laphaya.


Inkinga yokuqala enganginayo wukuthi ngangingazi muntu eGoli. Akukho nesisodwa isihlobo sami esasisebenza lapho okufanele ngiye khona, ngakho lokhu kusho ukuthi ngangingenamuntu ozongihlangabeza eGoli. Okuyinhlanhla wukuthi uthisha wami wabona ukuthi nginenkinga, wayeseqala ukungisiza khona manjalo ukuthola indwo engingayisebenzisa ngesikhathi ngisabhalisa. Wahleal nabantu ayebazi abaseGoli ukuze bangisize ngenkathi ngifika, nokuthi bakwazi ukungihambisa ezindaweni okudingeke ngiye kuzo.

Ngosuku engahamba ngalo ngiya enyuvesi lwaluzwakala lwehlukile, ngoba kwakufanele ngithathe uhambo ekubeni ngethukile mayelana nezinto eziningi. Ngenkathi ngisebhasini ngangicabanga ukuthi ngizombona kanjani umuntu engingakaze ngihlangane naye ngaphambilini.

Ngosuku lokuhamba nganginxhala ngoba ngangingenayo ngisho nendlela yokuxhumana nawo wonke umuntu ukuze ngibazise ukuthi ngikuphi. Iselula yami yayimanzi kwazise lalina endleleni eya esitobhini sebhasi ekuseni kwangalelo langa.

Ekugcineni ngafika futhi ngakwazi ukuthinta ngempumelelo umuntu owayezongilanda. Into yokuqala engayiqaphela ngesikhathi ngifika kwakuyidolobha elikhulu nezakhiwo ezinde, ezazibonakala zicishe zifane ngasikhathi sinye.

Ngalolo suku ngiyakhumbula ngizama ukugxilisa engqondweni indawo engikuyo, ngokubala ukuthi ngijike kangaki nemigwaqo esiyedlulile. Kodwa ngacina ngididekile wukubala, ngavele ngayeka, emva kwalokho ngaqala ngaxila ezixwayisweni engangiznikeziwe mayelana neGoli kanjalo nokuthi ngingasinda kanjani ebugebengwini balapho. Ngenhlanhla, angihluphekanga ngokuthola lapho inyuvesi ikhona ngoba ngagninomuntu oyaziyo indawo.



3.2 ISIKHATHI SOKUBHALISA: UMUNTU QOBO

AHLANGABEZANA NAKHO

Ukungabi namuntu engizohlangana naye ngesikhathi ngifika eGoli ukuzobhalisa, eqinisweni kwasiphazamisa isikhathi sami sokubhalisa. Ngashiywa yisikhathi sokubhalisa ngenxa yalokho – ngiyakhumbula ngehla ngenyuka ngizama ukwenza abaphathi bangikholwe ukuthi nginikeziwe isikhala sokufunda, ngesikhathi ngizama ukubhalisa. Enye inkinga ngaphezulu kwakungukuthi umxhasi engangingenaye ngaleso sikhathi wayenomlando esikoleni wokungakhokhi imali yokufunda anesibophezelo sokuyikhokha. Babengitshela ukuthi ngikhokhe mina qobo imali yokubhalisa, okuyiyona engangingenayo. Lesi kwakuyisona sizathu esenza ukuthi ngigcine ngishiywe yisikhathi sokubhalisa. Umxhasi wami wenqaba ukungibhalela incwadi eshoy oukuthi babezongikhokhela imali yokufunda ngalowo nyaka, ukuze ngikwazi ukubhalisa.

Okuyinhlanhla ngangikade ngifake izicelo kubaxhasi abehlukene, ngakho omunye waphendula ngosuku lokugcina lokubhalisa. Inkinga kwakuwukuthi ngangingekho esikoleni ngesikhathi sempendulo, ngakho lokho kwabangela ukuthi ngisilele ekubhaliseni. NgoMsombuluko wesonto elilandelayo ngaya enyuvesi ukuze ngizame ukubhalisa. Lowo Msombuluko kwakuwuqala kwamakilasi esimesta futhi ngenxa yalokho abomnyango babengitshela ukuthi ngizokhala ngaphansi. Babefuna ukonga imali, ngokwabo eyayizovele ichitheke nje. Ngangitshelwa ukuthi Ubunjiniyela yisifundo esinzima kakhulu futhi ngeke ngikwazi ukubafica asebeqalile ukufunda. Lokhu kwakuyizaba ezinkulu ababezenza (phakathi kokunye) futhi bangitshela ukuthi kufanele ngivele ngibuyele emuva ekhaya ngiyeke enyuvesi ngingakaqali ngisho ukuqala. Ngangizitshelile ukuthi kumele ngibhalise ngoba ngangifanelekile futhi nginawo wonke amaphepha asemthethweni. Ngenxa yokungavumelani phakathi kwami nomuntu womnyango owayenomsebenzi wokuvulela abafundi ukuthi babhalise, kwaba yinkinga ngangokuthi kwaze kwaxazulula uMphathi oMkhulu woBunjiniyela, owanikeza igunya lokuthi kufanel ngibhaliswe bese ngiqala ukuya emakilasini ngokushesha. Ukubambezeleka kokubhalisa kwaholele ekutheni ngingakwazi ukuya emihlanganweni yalabo abenza unyaka wokuqala.



3.3 UKUZINZA

Ngemuva kokulwa ngendaba yokubhalisa, kwakumele ngiphinde ngihlangabezane nempi engaphezulu engahlangene nokufunda. Kulokhu kwakuyindaba yendawo yokuhlala. Ngalesi sikhathi, ingqikithi kwakuwukuthi cishe yonke indawo, izindawo zokuhlala zazigcwele, ngaphandle kwalezo ezingagunyaziwe yinyuesi njengezindwo zokuhlala abafundi. Ngakho, lokhu kwaholela ekutheni ngingene endaweni yami yokuhlala ngokuqala kukaNdasa, okucishe kube ngemuva kwenyanga. Ngaleso sikhathi ngangihlala nomuntu engangimazi, futhi wangisiza ukuthi ngiqonde nokuthi ngiyazi indawo, kwazise ngangingayihambelanga imihlangano.

"Ukubona umuntu evele engena phambi kwakho ngemuva kokulinda emgqeni isikhathi eside kuyakhathaza. Ukungaphathi ngokulingana kwabasizi babafundi sekungenze ngaphakamisa izikhalo mayelana nokwenzelela kwabo kubangani babo. Ngiyabathanda abnatu, ngibakhonzile, kodwa zonke lezi zinto zokudelelwa ngabalingani bami nabasizi babafundi sekungiphendule ngaba ngomunye umuntu."

"Kuncane noma akukho ukuxhumana emakilasini enyuvesi ngenxa yolimi lokuxhumana. Ngesinye isikhathi awuluzwa ulwazimagama olusetshenziswayo, kodwa uma izinto zishiwo ngolimi lwakho yilapho ozwa khona kangcono. Mina ngokwami ngikuthola kunzima ukuqonda imibhalo yasenyuvesi okufanele siyifunde. Lokhu kubangela ukuthi ngenze kabi ngoba awukwazanga ukuthola amaqiniso – hhayi ngoba ungawazi, kodwa bekuzoba ngcono ukuba bengolimi lwakho."

ISIXAZULUO:

Indlela enhle ngokudlulele yokunqoba lezi zinselelo wukukhuluma nabantu nokuthola abangani, futhi okubalulekile nakakhulu wukubuza kubantu uma ufuna ulwazi noma wedukile, okuzosiza ekwakheni ukuzethemba kwakho nendlela yokukhuluma. Uma kuza ekungaqondisisini ekilasini nokwesaba ukubuza imibuzo, ngesinye isikhathi kumele ube nesibindi ubuze umbuzo wakho, futhi uma bekuhleka, uzokwazi ukuthi yikuphi lapho ophaphalaze khona futhi uthole ithuba lokuqondisisa kangcono ikhonsepthe kanye nokulungisa amaphutha akho. Esinye isixazululo wukusebenzisa izikhathi zokubonana uthisha anihlinzeke ngazo ukuze uthole usizo.



INDABA MAYELANA NOMFUNDI WASENYUVESI

Wayefunde esikoleni samabanga aphakeme, waphumelela kumatikuletsheni wakhe ngendlela emvumela ukuthi angene enyuvesi enze iziqu zakhona.

Wayephuma ekhaya elingelihle ngokwamathuba. Unina wayengumzali ongayedwana futhi engasebenzi. Isikhathi sokuya enyuvesi sase sifikile futhi kwakufanele banqume. Unina wayekhathazeke kakhulu mayelana nokuthi ingane yakhe izophila kanjani enyuvesi ngaphandle kwemali nezimpahla zokuggoka ezisile. Kodwa wayenolwazi oluncane ngokuzikhethela okukhona lapho. Wahamba waya enyuvesi washiya unina okhathazekile ngemuva. Abantu bendawo babehleba unina bejabula ngoba becabanga ukuthi uzomphoxa. Babezicabangela ukuthi inganye yakhe yayizobuya, njengoba wayengomunye wabantu abaziwayo abazihluphekelayo.

Kwakusekusha kakhulu ukuthi sebengabungaza!

Wabuya ekhaya ngesikhathi samaholide futhi kwase kukhona ushintsho olukhulu kuye. Wayebukeka njengomuntu ophuma kude, ekubeni engomunye wabo nje. Waphenduka waba yisibonelo esihle sontanga yakhe ngoba bakhuthazeka bonke futhi bafuna ukufana naye. Wayehamba ngokuzethemba esazi ukuthi ontangayakhe babonela kuye. Wayivala ngqi imilomo yalabo ababemkhuluma yena kanye nonina. Konke lokhu kwenzeka ngoba ingqondo yakhe yayiqeqeshwe ukubona ubuhle ezintweni zonke.



4. UKUGUQUKELA EMPILWENI



YASENYUVESI


Lo mzuzu ungeminye emihle kakhulu ongahlangabezana nawo, futhi ugcwele ukuthokoza okukhulu, njengoba usuke usuhlangana nabantu abasha abaphuma ezindaweni ezahluken. Kodwa-ke, kuseseyinselelo, njengoba usazama ukuthola bangani. Ngakhko leyo mizuzu lapho okumele ukhulume nawo wnoke umuntu ohlangana naye ukwenzela nje ukuthi ungazizwa wedukile. Kukhona futhi nezikhathi lapho kufanele uthenge izincwadi ekubeni wejwayele ukunikezwa yonke into esikoleni samabanga aphezulu. Kufanele futhi ufake izicelo noma usayinele uxhaso lokufunda, okudinga ukuthi ume emigqeni emide, futhi kuba nzima ngezinye izikhathi uma ungenalutho ozoludla.


UKUSUKA EKHAYA...

...UKUYA ENYUVESI

Ukufika enuvesi njengengane yasemakhaya usuzoba wumfundi wonyaka wokuqala kuyinselelo ngempela kodwa zonke izinselelo kuyedluleka kuzo. Ukufunda enyuvesi kuhluka kakhulu ekufundeni esikoleni samabanga aphezulu. Ukufunda kwasenyuvesi ngesinye isikhathi kungaba yinkimbinkimbi kumfundi okuqalayo, kodwa ukuzihlanganisa nabanye kwenza umsebenzi ube ludlana, kwazise uzohlangana nothile osewake wahlangabezana nokufanyo nalokhu wena osahlangabezana nakho.

Inyuvesi ayesabisi ngaleyo ndlela ebonakala iyiyo; konke nje okudingekile wukuthi wena uhlale kulokhu owazela ukukwenza khona.





"INTOKOZO YOKWAZI UKUTHI
USUZOBA WUMFUNDI WASENYUVESI
IYASHABALALA NEZINGQINAMBA
OHLANGABEZANA NAZO UMA
USUFIKA KULEYO NYUVESI."

"AMAKILASI AMAKHULU
AYINGQINAMBA NGOKWAWO NJE."



NGABE UNABO OHLOBENE NABO

NGANDLELA THILE ENYUVESI?

"Ngeke ukholwe ukuthi ngasokola kanjani – ngisho ukuthola nje isimo sami ukuthi ngamukelwe yini noma cha, ngoba iFort Hare iyehluleka ukwazisa abafundi ukuze bazi ukuthi bemukelwe na. Ngavele ngeza lapha nemiphumela yami, ngingazi ngisho ukuthi ngizolalphi ngemuva kokwamukelwa, ngoba ngabe ngikude nasekhaya."

Enyuvesi kudingeke ukuthi uphile nabanye abantu. Ngeke ukwazi ukwenza yonke into uwedwa. Emhlabeni ongawazi, nabantu ongabazi, futhi wenza izinto ongakaze uzenze, uyakudinga ngempela ukuxhumana nabanye abantu, ukuze ukwazi ukuxhuman nale 'ndawo engaziwa' okuyinyuvesi.


Ukwedlula noma ukuguquka usuka empilweni yasemakhaya uya kweyasenyuvesi akukaze kube wuhambo olulula. Ukufika enyuvesi kuyefana nokuthatha indlela entsha empilweni yakho. Kuyiqiniso ukuthi impilo iwuhambo olude oluya empumelelweni engaziwa. Ukukhula ezindaweni zasemakhaya, ukuphuma emakhaya angenamathuba, nokufunda esikoleni esisemajukujukwini asemakhaya lapho izinto zithatha isikhathi ukuthi zifinyelele kuwe, kungenza abafundi bazizwe sengathi bahlala emhlabeni olibalekile. Kubuhlungu ngesinye isikhathi ukukhulela emakhaya, ungazi ngananoma yini mayelana nempilo elaphaya ngaphandle futhi wazi kuphela le mpilo oyiphilile, uvalalekile emakhaya. Ukusuka ezindaweni zasemakhaya uye enyuvesi kubandakanya ukuhlangan nabantu abasha, abanye babo abangelona uhlobo lwabantu obungathanda ukuzihlanganisa nabo. Kodwa-ke iqiniso wukuthi zonke izimo ziyafika zedlule, azihlali ingunaphakade futhi yonke into iba yinselelo ngesikhathi ucabanga ngayo.

4.1 UKUYA EMAKILASINI

Into yokuqala elukhuni efikayo wukusebenzisa ithebula lezikhathi zezifundo ukuze uthole izindawo lapho okumele uyofunda khona amakilasi. Iningi lethu lijwayele izakhiwo ezincane ezingenazo izitezi eziningi, ngakho njengomfundi omusha ngesinye isikhathi uyeduka nokwenza ugcine ungayi emakilasini akho okuqala. Lokhu kungeminye yemizuzu emihle kakhulu, kodwa eyethusayo ngasikhathi sinye, njengoba iningi lethu eliphuma emakhaya lingakwazi ukuzikhulumela kahle ngesiNgisi. Ngesikhathi sokuqala kwakho ukuya ekilasini, uyesaba ukubuza imibuzo ngoba ucabanga ukuthi ontangayenu bazokuhleka, njengoba ungazethembi ngokwanele ngesikhathi ukhuluma isiNgisi. Abaningi bethu bajwayele ukufunda kunebhodi ekilasini futhi abazi lutho mayelana namaprojekitha.


Emva kwalokho sekuzoba nezindlu ezinkulu ngokwadlulele zokubhalela izivivinyo. Ukuhlangabezana nezinye izinto okokuqala kungase kuthokozise, kodwa kubuye kukhathaze ngezinye izikhathi. Kodwa ukukhathazeka kuba ngcono ngokuhamba kwesikhathi. Ngezinye izikhathi kusenza sidinwe, kodwa ngomzuzu olandelayo kuphenduka kube yinto esenza sihleke nokuhleka imbala.

"Njengoba ungabona, amadeski nezihlalo kuhlelwe kahle. Lapha yilapho kubhalelwa khona izivivinyo. Ngalesi sikhathi wonke umuntu uhlangabezana nesikhathi esinzima, ngoba akekho oumeleke ukuthi akhulume nomunye ngenxa yemithetho yeziivivinyo. Imigqa ihlelwe ngendlela yokuthi isifundo esiphuma emnyango owodwa sehlukaniswe yimigqa yesifundo esiphuma komunye umnyango."



4.2 UKUZEJWAYEZA UMHLABA WEDIJITHALI

Ngokwesichazamazwi esiku-Google, 'umhlaba wedijithali' uqondise emhlabeni lapho abantu bexhumana ngobuchwepheshe besebenzisa izingosi zokuxhumana eziphathekayo njengama-imeyili. Njengomfundi, uhlobo lokuxhumana olujwayele kuphela yi-WhatsApp ne-Facebook, futhi ngesikhathi usanda kufika nje enyuvesi, kumele uhlole imiyalezo yakho ye-imeyili ukuthola izimemezelo uthisha azithumelile. Futhi, kufanele ukwazi ukungena enkundleni ka-Ulink ne-Blackboard ukuze uthole amanothi nokubheka imisebenzi okufanele yenziwe, nokuyinto elukhuluni uma uma ungazijwayele lezi zinkundla. Enye into wukuthi iningi lethu lijwayele ukuletha imisebenzi ebhalwe ngesandla, futhi uzovele uuvule isizindalwazi bese ucinga umbuzo ofuna impendulo yaw obese uyathumela. Kodwa-ke uma usenyuvesi, ufundiswa ukuthi ukuthatha umsebenzi unjengoba unjalo ku-Google wukuntshontsha, nokuthi futhi ungakhombisi ukuthi ulucaphunephi ulwazi emsebenzini wakho nakho kungukweba, okunomphumela wokuthi uquliswe icala.



4.3 UKUBA OZIMELE

Lesi ngesinye sezikhathi ezinzima kodwa futhi ezinhle kakhulu, njengalokhu uthola ithuba lokuba wedwa ngaphandle kokweluswa ngabazali. Kunzima futhi, njengalokhu kumele uziphekele usuku nosuku, okuba wumsebenzi onzima uma ngabe ukhathele uphuma kuwo wonke amakilasi obuye kuwo ngalolo suku. Nokho, akusihluphi kangako njengoba sifika nawo amakhono afana nokuzenzela ukudla kwehtu, ukupheka kanye nokuzinakekela nabantu abasizungezile, nokuwusizo ekwakheni umndeni omusha nabantu abakuzungezile. Lesi senzo sikunikeza ngisho izinselelo, futhi kufanele ukhethe abangani abanezinhloso ezifanayo nezakho ukuze bakukhuthaze ngesikhathi usafunda, njengoba phela engekho umzali okuqapheleyo, okuba nomphumela wokuthi iningi labafundi likhohlwe izincwadi, ligcine ngokwehluleka ezifundweni.



INDAWO YOKWETHWESWA IZISU

*"Lokhu ave kukuhle.
Ungazibona ngeso lengqondo
ngemuva kwesikhathi eside
wenza lezo zisu, kufika usuku
lokwehtheswa izisu – halala!!!
UMdali mkhulu ngazo zonke
izikhathi. Abazothola izisu
basohlangothini olulodwa,
kanye nabazali nabanakekeli
ngakolunye uhlangothi."*



5. UKUMBATHA IJAZI



NOKUQHUBEKA UBHEKE PHAMBILI

Into eyodwa kuphela eyayigcina izinto ziqhubeka futhi eyangisiza ukuthi ngigxile yaba yisizathu sokuqala esangikhipha ekhaya: ukuthola iziqu. Inkululeko ngokwezezimali kanye nokuzimela kuncike kulokhu. Kwakungekhona nje ukuthi ngiphumelele maqede ngembathe ijazi, kodwa futhi yingoba eqinisweni kwakungekho ukwenza ngokunye. Ngiphuma emndenini ohluphekayo futhi ngokuqinisekileyo ngifuna ukuwagqabula amketango obubha, kwazise ukuzigqaja nokuzihlonipha kwami akungivumeli ukuthi ngihlale nginjena. Isifiso sempilo ephezulu engike ngayibona kumabonakude nakomakhelwane yikhona nakho okwangigqaguzela.

Ukuphuma endaweni yasemakhaya kwaba wusizo kimi kuleli zwe elingejwayelekile. Iqiniso lokuthi angikwejwayele ukuhamba imicimbi (ukuya emakilabhini) kwaba yisikhuthazo sokuthi ngigxile kakhulu ekufundeni. Uvalo lokwesaba ukugetshengwa nokulahleka kwangenza ngazihlalela endlini. Kwakungekhona ukuthi ngangingafuni ukuthokozela ubusha bami, kodwa ukuziphatha engangifike nakho ngibuya ekhaya kwakumane kungidonsela etafuleni nasesitulweni engangifundela kukho, nakuba ingcindezi yontanga yayiba ningi kakhulu ngesinye isikhathi. Ngoba ngangikwejwayele ukugxila ezintweni ezibalulekile emplweni, ngavele ngaqhubeka futhi ngangisebenzisa imali yami ngokuhlakanipha. Lokhu kwakungangenzi ngikhishe inyumbazane, kodwa ngakhetha ukuthi ngizibandakanye ekuxhumaneni okuhle, njengokuhlanganyela emidlalweni eyahlukene enyuvesi, ukubuka amafilimu nabangani, ukukhuthala ezinkundleni zokuxhumana, nokuzihlalela nje nabangani esakhiweni sabafundi noma ezitolo nje ezikhona esikhungweni.

Ukwesabela ukuthi ngingalahlekelwa wumfundaze noma uxhaso lwezimali nakho kwakugcina umfutho wokufunda ulokhu uhlangene njalo. Ngiphuma emndenii ongeke ukwazi ukungikhokhela imali yokufunda ngakho kwakumele ngifunde kakhulu ngiqiniseke ukuthi ngiyaphumelela ukuze ngigcine umfundaze. Ukubuyela emuva ekhaya ngilengise izandla (ngingenaziqu) kwakuwukudumala nokuphoxeka engangifuna ukukugwema ngokucacile.

Ukuba senyuvesi yinto enhle kakhulu engagwehlela ngempela, njengoba ukwazi ukukhululeka ekuziphatheni kwabazali abakuvikela ngokweqile futhi uhlangane nabantu abasha abanolwazi oluhlukahlukene. Kuhle kakhulu ngempela ukuthi uhlangabezane nezinto ezintsha uphume endaweni ekhululekile yasekhaya, ngesikhathi ufunda ngeqiniso ukulungiselela impilo yakho.



"IMUVA LAKHO ALINQUMI
NGEKUSASA LAKHO."



"IMPILO ISIHOLELA
EZINDAWENI EZAHLUKENE
ESASINGAKAZE
SIZICABANGE."



6. ISELULEKO SOKUGCINA



Uma ubheka ezindabeni kanye nasezehlakalweni ezethulwe kule ncwadi ngabafundi abehlukene abaphuma ezikhungweni ezahlukene, ungaxhumanisa isimo sakho nalezo ezibalulwe encwadini. Ngokusetshenziswa ngendlela efanele kwale ncwajana, okungenani uzokwazi ukunqoba iningi lezinselelo obhekan nazo uma ufaka isicelo sokuyofunda enyuvesi, ukwedlula esimeni sempilo osuka kuyo, kanye nokubhekana nempilo yakule ndawo.

Njengomfundi, kumele uqophe phansi izikhathi zobumnandi empilweni yakho bese ubeka eceleni noma ulawule ezimbi ongeke wazihlehlisa, ukwenzela ukuthi zenze umonakalo omncane. Kumele siqondisise ukuthi sizalwe sehlukile, ukubaluleka kwethu buncike emandleni ethu okulwa nazo zonke izinselelo ngaphandle kokuphonsa ithawula noma ukukhalela ubisi oseluchithekile.

Ukukhuluma kuyisihluthulelo; zama ukuba nomelulekile empilweni futhi ukhulume nabantu abanikeza ulwazi oludingekile. Phikelela futhi ungahlekisi ngomkhakha wakho womsebenzi noma uwubhekele phansi, noma ungabinandaba nje nawo. Hlala kulokho okholelwa kukho bese uncintisana nawe uqobo – zakhe wena usuku nosuku.

YINI ENGIYENZAYO MANJE?

Uma uthanda ukuya enyuvesi – noma wazi umuntu othile othandayo – isinyathelo sokuqala wukucinga ku-Google amagama amanyuvesi owathandayo. Emva kwalokho ungabheka ukuthi yiziphi izifundo abanazo kanye nemikhakha eyahlukene yezifundo.

Uma usunalo lonke ulwazi oludingayo, cindezela isixhumanisi esithi ukwamukelwa noma izicelo ukuze ufake isicelo nge-inthanethi. Kuzoba khona imininingwane yokuxhumana uma ufuna ukushaya ucingo nokuthumela i-imeyili ukuze uthole iseluleko esengeziwe.

Sikufisela inhlanhla!



7. UNWELE OLUDE



INYUVESI YASEGOLI

Amos Vusi Msiza
Asiphe Mvandaba
Dennis Mohlalela
*Edison Muthisi
Elias Moyana
Ellon Makhuvele
*Enocent M. Maake
Eubert Khosa
Fumani T. Monareng
Ignatia Malebo Namane
Kagiso Manyamma
Kamogelo Mogane
Keletso C. Maine
*Mack Mogale
Madise Kenneth Moteme
Masala Ramanugu
*Mpho G. Mphahlele
Nosipho Zondo
Rocky Ramaube
Sefakoane Ntsoane
*Sinah M. Phatlane
*William Ndhlovu
*Zandile Tsotetsi

INYUVESI YASERHODES

Abongile Deliwe
Andiswa Mabusela
Aphelele Mafuya
*Avela Pamla
Funeka Mjoli
Indiphile Ntlanga
Kamvalethu Vanqa
Lazola Mpapela
*Ludumo Mgobo
Mfanelo Bomoyi
Mpfunzeni Mudau
Nangamso Cewu
Noxolo Mabena
Papama Vose
Phoziswa Ndumndum
*Putuma Balintulo
Sandisiwe Dakela
Sesethu Dunywa
Vuyisile Mohlala
Zanokhanyo Mazeka
Zenande Ratazayo
Zenande Sojoli
Ziyanda Tilana
Zizipho Ngcingi



INYUVESI YASE-FORT HARE

Andisiwe Mdlungu
*Anovuyo Sidubedube
*Asandiswa Tshotsho
*Fada Bonwabise
Hlangalwethu Mgwai
*Kabelo P. Lehula
* Kgotsotalang M. Monoane
*Luvo Mzinyathi
*Michael S. Mamba
Mpumelelo Candlovu
* Ndibulele Majikijela
* Nelile Mponjwana
Sesethu Mlokothi
Siposethu Xipula
* Siyanda Peter
Zamokhuhle Mdingi
Ziyanda Diko
Zizile Mamba Manzi

QAPHELA

Sibonga kuJoel Roberts
noLiam Wisker ngosizo
lwabo ekubhekeni
amaphutha.

Sibonga kuKarma Elston
ngokudizayina nokumisa
kahle le ncwajana.

ITHIMBA LOMSEBENZI WOCWANINGO

Alison Curry
Beatrice Akala
Brenda Leibowitz
Emmanuel Mgwawashu
Gina Wisker
Hellen Ochuot
Karen Desborough
Kibbie Naidoo
Lisa Lucas
Lorenzo Dalvit
Lulekwa Baleni
Martha Chigovanyika
Nathi Madondo
Ntsika Kit
Patricia Muhuro
Rachel Masika
Shashi Cullinan Cook
Sheila Trahar
Sue Timmis
Susanna Siddiqui
Tatenda Chatikobo
Thea de Wet

* Bangabalingani babacwaningi
abaphonse itshe esivivaneni
emzameni wokuqala wezincwajana
ngokuthi babhale/bahlele..



MAYELANA NOMSEBENZI

Ngokuhlanganyela namanyuvesi esifundeni saseNingizimu ne-Afrika esisabaleleyo, sicwaninge ulwazi lwabafundi basemakhaya lapho bedlulela khona ezikhungweni zemfundo ephakeme eNingizimu Afrika, ngokusebenza nabalingani bocwaningo abangabafundi, abafundi basemanyuvesi kanye nabaholie basemanyuvesi.

Lo msebenzi ohlanganyelwe we-Newton Fund othathe izinyanga ezingama-30, oxhaswe ngezimali ngabe-ESRC nabe-NRF, waqalwa ngoMfumfu wezi-2016 waphothulwa ngoMandulo wezi-2019.



Wethulwa kuBrenda Leibowitz
1957 - 2018

Yonke imifanekiso iphuma kumsebenzi we-SARIHE.

-

Lo msebenzi ugunyazwe ngaphansi kwesigunyazo sakwa-Creative Commons Attribution-Non-Commercial-ShareAlike 4.0 International license.

*(Ukuze ubone ikhophi ya/esi sigunyazo, vakashe/a:
<http://creativecommons.org/licenses/by-nc-sa/4.0/>)*

